Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A**: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| **ISIQEPHU B**: | Ukufingqa | (10) |
| **ISIQEPHU C**: | Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.
5. Faka izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.
6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.
8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   **ISIQEPHU A:** Imizuzu engama-50

   **ISIQEPHU B:** Imizuzu engama-30

   **ISIQEPHU C:** Imizuzu engama-40
9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1. Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

### UMBHALO A (OKUFUNDWAYO)

**BAMBISISA ONAKHO UKUHLONIPHE**

1 Kuningi esiphiwa kona uMvelinqangi ngomusa wakhe. Singabantu siphiwa iziphiwo ezehlukahlukene ezingafani. Abantu abaningi bakholelwa ukuthi isipho onikwe sona sisuke sivela kwabaphansi, kuMvelinqangi noma kuNkulunkulu kuye ngokuthi ukholelwa kuphi. Yingakho abantu bekholelwa ezinkolweni ezehlukahlukene. Kuneculo eliculwa iqembu lombhaqanga okuthiwa iSoul Brothers eltihi, "Ngeke usithathe isipho somuntu aphiwe sona.". Bheka ukuthi isipho sakho silele kuphi.

2 Kubalulekile ukuzithoba ngaso sonke isikhathi, akukhathaleki ungaceba kangakanani. Abanye uma behalaliselwa ngomcebo wabo ubezwa besho ngeliphansi bethi, "Akukhona okwami lokhu kepha ngaphiwa abaphansi noma uMvelinqangi noma uNkulunkulu". Amazwi anjalo asuke ekhombisa ukuzithoba okukhulu. Avamise ukuvela kubantu abakuzwile ukujuluka ukuze bazuze ingcebo abanayo. Ngakho-ke abakhohlwa amaginxiginxi abadlule kuwona. Akugcini lapho kukhona ebebelele phansi ngezisu kodwa bavuka bazithatha ngenhloso yokufinyelela esicongweni. Umcebo udinga inono, awuzwani nedlabha. Okunye ngawo kumele uwubambe ngezandla zombili. Uma ungakwenzi lokho ushabalalisa okwamazolo ebona ilanga.

3 Kunabantu abaningi abazuze lukhulu kwezemfundo. Ubathola beyikazela ngamajazi futhi namakhono abuzwa kubo. Laba bantu okuhle ngabo bazithobile emphakathini futhi abakhohlwa yizimpande zabo. Phela kubalulekile ukungakhohlwa lapho usuka khona. Yingakho kubalulekile ukuthi ubuyele emphakathini wangakini uwusize ngemfundo yakho ungahambeli kude nawo wena owabona ilanga lasebusika. Khumbula ukuthi ngenkathi usiza kukhona abazothatha iphethini kuwena. Ngaleyo ndlela bazokwanda abantu abazoba yizifundiswa endaweni

4 Ikhono kwezomculo yinto engandile. Kumele lowo onalo alithande futhi alihloniphe. Kunabaculi abaningi abagcina bephelele ezinsisheni kuhle kotshwala ngenxa yokwehluleka nje ukuhlonipha ikhono labo. Uthola abanye balaba baculi bekhohlwa umphakathi wangakubo. Singakhohlwa ukuthi yiwona phela okumele ukulalele bese wenanela lokho okwenzayo. Lokho-ke kuholela ekutheni udayiseke umculo wakho,uthengwe ubuthaphuthaphu kuhle kwamakhekhe ashisayo. Abanye bahluleka ngisho nawukuhlonipha inkece abanayo. Kukangaki nje sizwa ngabaculi abahamba phambili emhlabeni kodwa imindeni yabo yehluleke ukubangcwaba. Lokhu kudalwa ukwehluleka ukuhlonipha nokubambisisa ngezandla zombili okuzuzile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

5 Kwezikanobhutshuzwayo kunabadlali abaningi abagcina bephelele ezeni ngenxa yakho njalo ukwehluleka ukuhlonipha. Bathi bangaphumelela bafike esicongweni bese bendizela phezulu okokhozi. Okudabukisayo ngalaba badlali ukuthi ngenkathi besenethalente imali bayibutha ngamahalavu. Kuhambe kuhambe baqale bayibhubhudle imali yabo. Uthola bengasayi koziqeqesha namakilabhu abo ngoba besuke bedla yona le mali. Izinyembezi zikaFaro bavuka ngazo balale ngazo. Iziyalo abazithola emphakathini bazishaya indiva. Ekwenzeni kwabo kanjalo ithalente liqale lishabalale. Bazithola sebexoshwa amakilabhu ekade bewadlalela. Bagcina sebedabukisa baxoxe ngempilo isabahambela kahle kuze kufike sebengenalutho. Abadlali bebhola abaphumelelayo yilabo abangakhohlwa ukuthi abayilutho ngaphandle kwabantu ababazungezile. Abakhohlwa ukuthi impumelelo yabo ilele kubaphathi nabaqeqeshi babo okuyibona abayisibani sabo. Labo badlali abakhohlwa abalandeli babo. Phela bazi kahle ukuthi umnotho nodumo abanalo ngeke kwaba khona ngaphandle kwabalandeli.

6 Ukuqashwa emsebenzini othile ukuze ukwazi ukuziphilisa kusho lukhulu. Ukuwubambisisa okwezikhali zamaNtungwa kubalulekilekakhulu. Baningi abawufunayo umsebenzi kodwa abawutholi. Usuke unyelwe inyoni esandleni uma uqeda isikole bese uwuthola. Asiwuhloniphe siwenze ngokuzinikela.

7 Impilo esiyiphiwe kumele siyihloniphe. Iyaye ihambisane nokuvuka ekuseni wenze okufanele. Uma ungumfundi kumele uqiniseke ukuthi uyalihlonipha ithuba olinikwe abazali bakho ukuze ulungiselele ikusasa lakho. Sebenza ngokuzimisela esikoleni, uhloniphe othisha nabazali bakho ukuze ikusasa lakho liqhakaze.

8 Asikhumbule ngaso sonke isikhathi ukuthi impumelelo isekutheni sihloniphe esikhuphiwe sikubambisise.

**[Umbhalo wokuziqambela]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**1**



[Zithathwe ku-inthanethi]

**2**



[Zithathwe ku-inthanethi]

1.1.1 Yikuphi esiphiwa khona ngokwale ndaba? (2)

1.1.2 Tomula amazwi atholakala eculweni leqembu lombhaqanga iSoul Brothers. (1)

1.1.3 Chaza kafushane okwenziwa abantu ebekade belele ngezisu. (2)

1.1.4 Nikeza okungumehluko phakathi kwabantu abazuze lukhulu kwezemfundo

Downloaded from Stanmorephysics.com

kanye nabaculi. (3)

1.1.5 Amagama abhalwe nokugqamile esigabeni sesi-3 kulesi siqeshana achaza abantu:

A. Abafunde kakhulu.

B. Abafunda njalo.

C. Abafunde kancane.

D. Abafunda ngokungazimiseli. (1)

1.1.7 Uqondeni umbhali esigabeni sesi-2 uma ethi, "Umcebo udinga inono, awuzwani nedlabha."? (2)

1.1.8 Kuba namuphi umthelela empilweni yabaculi ukungayihloniphi imali abayizuza ngekhono labo? (2)

1.1.9 Yini inhloso yombhali ngokusibhalela lesi siqeshana?. (3)

1.1.10 Hlolisisa isimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sesi-6. (2)

1.1.11 Phawula ngempumelelo yombhali ekusebenziseni ulimi ukuchaza ukubaluleka kokuhlonishwa kwalokho esikuphiwe uMdali esigabeni sesi-8. (2)

**KANYE NO**

**IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.1.12 Shono okwenzeka esithombeni soku-1. (2)

1.1.13 Nikeza okufanayo okutholakala esithombeni soku-1 nasesithombeni sesi-2.(2)

1.1.14 Qhathanisa okwenzeka esithombeni sesi-2 KUMBHALO B nokuqukethwe isigaba sesi-3 KUMBHALO A mayelana nemfundo. (4)

1.1.15 Ngokubona kwakho kungani kunamafulegi ahlukahlukene esithombeni soku-1? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHUA: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nemiphumela engemihle edalwa ingcindezi yontanga.

**IMIYALELO**:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nemiphumela engemihle edalwa ingcindezi yontanga usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa **ngesigaba.**
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usifingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C**

**IMIPHUMELA ENGEMIHLE EDALWA INGCINDEZI YONTANGA**

Ingcindezi yontanga iyingxenye yempilo esidlula kuyo sonke. Ungazithola ubhekene nengcindezi ngenxa yabangani noma izihlobo. Ezinye izingane ziyakwazi ukulwa nengcindezi yontanga kanti ezinye le ngcindezi igcina inomphumela ongemuhle empilweni yazo. Abazali abaqapheli uma izingane zabo zinengcindezi yontanga ngoba bakhule esikhathini sakudala esingafani nesikhathi samanje.

Kukhona abangani ababa nomthelela omuhle kanti abanye baba nomthelela ongemuhle empilweni. Ingane ingaphelelwa ukuzethemba uma inengcindezi yabangani. Lokhu kungaholela ekutheni izingabaze ngenxa yokuthi isuke isingaziqondi kwayona uqobo ukuthi ingubani. Ukungazethembi kuyingozi ngoba kugcina kubuguqulile ubuyona.

Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi ayengeke kalula ekwenzeni imikhutshana eyingozi. Le mikhutshana efana nokuphuza uphuzo oludakayo, nokubhema izidakamizwa nokunye, yenzeka kakhulu uma ingcindezi isidlondlobele ngokweqile. Okusempeleni amabhungu namatshitshi ayayazi le mikhuba ukuthi iyingozi kodwa azifaka ngenkani kuyona ngenxa yokuthi asuke efuna ukwamukeleka kontanga bawo. Asuke engabuboni ngeso elibanzi ubungozi azifaka kubo obuzogcina bulimaze impilo yawo yonke.

Emazingeni athe thuthu ezemfundo kulapho kukhethwa khona isigungu sabafundi esikhethelwa ukuba yingxenye yobuholi besikole. Laba bafundi baqhamuka emakhaya ahlukahlukene ngokwezimo zomnotho. Abafundi bagcina sebengasezwani ezikoleni ngenxa yokuklolodelana. Lokhu kungaholela ekutheni abanye abafundi bazithole sebebizwa ngezici ngenxa yezimo zasemakhaya. Emehlweni ontanga labo bafundi basuke bengelutho.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Intsha ikuthatha njengokuba phambili ukwamukeleka kontanga. Lokho kusho ukuthi konke okushiwo ontanga yikhona okulungile kunezimfundiso zabazali nothisha. Kwesinye isikhathi ingcindezi yontanga inomthelela ongemuhle ezifundweni ngisho noma ngabe umuntu ubezimisele kangakanani. Intsha ayenzi kahle ngamabomu ezifundweni ngoba ingafuni ukukhishwa inyumbazane ontanga. Izifundo zayo ziyehla ngenxa yokuthi ifuna ukunconywa abangani ngokuchitha isikhathi esiningi nabo kunokubhekana nezifundo zayo.

Kuvamile ukuthi abantu abangamabhungu namatshitshi bacabange ukuthi akekho umuntu obaqondayo futhi wonke umuntu uyabazonda umelene nabo. Bangagcina sebengene engozini yokuzahlukanisa nomindeni yabo kanye nabangani ababakhathalelayo.

Ukuthanda imfashini kanye nemali kungezinye zezinto eziyingcindezi kubantu abasha. Ngenxa yengcindezi ingane igcina isifuna imali ngenkani kubazali yize yazi ukuthi abazali bayo bahlwempu ngeke bakwazi ukuyithengela izingubo zikanokusho.

Kwabanye abantu abasakhula le ngcindezi ingadala omkhulu umonakalo ongagcina usuletha usizi emndenini. Zikhona izindlela okungagwenywa ngazo ukuba intsha ingazitholi isisogibeni lokwenganywa ukhwantalala. Ingcindezi yontanga akulula ukuba iyizibe kanjalo nabazali ngeke bakwazi ukuyivalela kuhle kweminqolo egumba etsheni. Abazali abaqonde ukuthi yize izingane ziyidinga inkululeko kodwa kumele zikalelwe yona zingabi nayo kuze kweqe. Kubalulekile abazali bahlale bezazisa izingane zabo ukuthi bayazithanda.

[Icashunwe ku-peer pressure.com yabuye yahlelwa kabusha]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI**

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Icashunwe kuBona Magazine yabuye yahunyushwa]

3.1 Kungani kubalulekile ukuba umkhangisi abhale unyaka lo mkhiqizo owasungulwa ngawo? (2)

3.2 Chaza kafushane umsebenzi owenziwa i-Plush Supreme ezindlini kanye nakubantu abawusebenzisayo lo mkhiqizo. (2)

3.4 Ucabanga ukuthi ukusetshenziswa kukababa nengane kulesi sikhangisi kuzoba namthelela muni kubathengi? Sekela impendulo yakho. (2)

3.4 Humusha ukusetshenziswa kwamazwi athi, 'Yenza ukuhlanza indlu kube umdlalo wabantwana.' (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.5 Phawula ngesu lomkhangisi lokukhangisa izigubhu ezahlukene zalo mkhiqizo esikhangisweni sakhe. (2)

**[10]**

**UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Icashunwe ku-Family circus.com yabuye yahunyushwa]

4.1 Sichazani isibiyelo esisesetshenziswe enganeni encane kunazo zonke kule khathuni? (2)

4.2 Chaza kafushane umuzwa ovezwa yinkulumo kamama okule khathuni. (2)

4.3 Khetha impendulo eshaya emhloleni kulezi ezilandelayo.
Isakhi esidwetshelwe enkulumeni kamama okule khathuni sinikeza umqondo …

A wokulandula.
B wesimo.
C wamandla.
D wokuphoqa. (1)

4.4 Chaza ukuthi umhwamuko otholakala phezu kwenkukhu usetshenziselweni? (2)

4.5 Xoxa ngenkulumo egudliselayo esetshenziswe kule khathuni ubhekise enkulumeni kababa. (3)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO F**

**BUNGAMANGA UBUKHAZIKHAZI OBUVEZWA 'NGAMAQOLA' EFOREX**

Ukuhweba nge-Forex Exchange kungenye indlela yezimboni zokuhweba **ngenkece** enobungozi kakhulu. Uma ungenalo ulwazi olwanele lokuhweba ungazithola usulahlekelwa yimali yonke. Isibalo sabantu abaphumelele kulo mkhakha sincane kakhulu. Iningi labantu liyehluleka ukuphumelela ngenxa yokuthi kulula ukungena kuwo. Lokhu kwenziwa ukuthi i-akhawunti **yokungena** itholakala kalula ku-inthanethi.

**Abantu abaningi bayaheheka kwezokuhweba** ngenxa yokubona ubukhazikhazi obungamanga obungathi buphilwa ngabahweba i-Forex. Bakushaya ngemfe iphindiwe. Kusuke kuyindlela yokulutha umphakathi ngoba maningi amaqola kwezokuhweba.

Uma ukhangwa yizithombe zempilo ephezulu abenza sengathi bayayiphila laba bantu, yazi ukuthi yimpilo nje engekho leyo. Akusilona iqiniso lelo ngoba kunzima lapha ekuhwebeni. Kunjalo nje ayikho imali esheshayo ngaphandle kokushesha ulahlekelwe yimali.

Ngakho-ke akwanele ukuba nomakhalekhukhwini, nekhompyutha kanye namadata kuphela. Udinga ulwazi olujulile olungakusiza ukuze uphumelele kwezokuhweba. Izikhangisi eziningi ezisezinkundleni zokuxhumana azilona iqiniso. Kubalulekile ukubheka izikhungo ezisemthethweni ezinjenge-**South African Financial Education Academy** ezibalwa nezihamba phambili ezweni.

[Icashunwe ephepheni *ILANGA LANGESONTO*, 15 Agasti 2021, yabuye yahlelwa kabusha]

5.1 Nikeza incazelo yegama elibhalwe ngokugqamile emgqeni woku-1. (1)

5.2 Phinda ubhale lo musho odwetshelwe emgqeni wesi-2 kuya kowesi-3 usukhomba ubuningi. (2)

5.3 Yisho ukuthi igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-5 lisetshenziselweni kulo musho. (1)

5.4 Kungani kusetshenziswe isimo sokukhuluma esidwetshelwe esitholakala emgqeni wesi-7? (2)

5.5 Nikeza igama elenze umsebenzi wokulandisa elitholakala emgqeni wesi-6 emshweni obhalwe ngokugqamile. (1)

5.6 Khipha imisho eqondile etholakala kulo musho ombaxa osemgqeni we-10 kuya kowe-11. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/ UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusamakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
   A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

## SIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA

### 1.1 UMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1.1 Esinikwa khona ngokwalendaba ukubambisana √ / ukuhloniphana √ (2)

1.1.2 Amazwi atholakala eculweni leqembu lombhaqanga iSoul Brothers amagama athi "Ngeke usithathe isipho somuntu aphiwe sona"√ (1)

1.1.3 Okwenziwa Abantu ebekade belele ngezisu ukuthi bavuka bazithathe ngenhloso yokufinyelela esicongweni ngoba ingcebo idinga inono awuzwani nedlabha.√ (2)

1.1.4 Okungumehluko phakathi kwabantu abazuze lukhulu kwezemfundo kanye nabaculi ukuthi Abantu abafundile abakhohlwa ila izimpande zabo zikhona, babuyisela nasemphakathini wangakubo kanti ikhono lokucula alandile, abanye babaculi bagcine bephelele ezinsisheni kuhle kotshwala ngenxa nje yokwehluleka nje ukuhlonipha ikhona lakhe. .√ (3)

1.1.5 A / Abafunde kakhulu.√ (1)

1.1.6 Esigabeni sesi-2 umbhali uqonde ukuthi imali ayimufuni umuntu ongakwazi ukuyonga futhi ongakwazi ukuyisebenzisa ngendlela.
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

1.1.7 kuba nomthelela ongemuhle/ omubi kubaculi ukungayihloniphi imali abayizuza ngekhono labo ngoba abanye abaculi bangcwatshwa bengasenamali. Bayakhohlwa abalandeli babo okuyibona abathenga umculo wabo.
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

1.1.8 Inhloso yombhali ukusixwayisa noma ukusifundisa ngokubaluleka kokuhlonipha lokhu onakho. Aphinde asixwayise ngobungozi bokungakwazi ukuhlonipha ikhona ophila ngalo, akhuze ubudlabha ngokungakwazi ukuphatha ngendlela imali okungaholela ukuthi umuntu ashone engasanamali.
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (3)

1.1.9 Isimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sesi-6 esithi "Usuke unyelwe inyoni esandleni" ukugqamisa / ukusuxoxela ngokuthi usuke ungumuntu onenhlanhla uma uqede isikole bese uthola umsebenzi yingakho kubalulekile ukuhlonipha lokhu onakho.

Downloaded from Stanmorephysics.com

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

1.1.10 Umbhali uphumelele kahle ekusebenziseni ulimi olutholakala esigabeni sesi-8 ukusikhuthaza/ ukusigqugquzela ekutheni kuhle uhlonipha lokhu osuke ukuphiwe uMdali. (2)

**KANYE NO**

**IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.1.11 Okwenzeka esithombeni soku-1 ngobona Abantu bezinhlanga ezahlukene befake imiyezane/ amajazi ukugreda futhi bebukeka bejabule. (2)

1.1.12 Okufanayo okutholakala esigabeni soku-1 nasesithombeni sesi-2 ukuthi zikhuluma ngokuthi bheka ukuthi isipho sakho silele kuphi. Esigabeni soku-1 sikhuluma ngeziphiwo ezahlukahlukene esiziphiwa nguMdali noma abakithi asebalala kanjalo nasesithombeni sesi-2 umdwebi usikhombisa umfundi wesifazane esefunde wagogoda, ejabule. (2)

1.1.13 Okwenzeka eithombeni sesi-2 kuMBHALO B ukuthi ngibona lo wesifazane ojabule, ejabulela ukunqoba kwakhe emkhakheni wezemfundo emphakeme kanjalo nokuqukethwe isigaba sesi-3 kuMBHALO A mayelana nemfundo, ubathola beyikizela ngamajazi abo. Abakhohlwa ila abaphuma khona, babuyisela emphakathini, umphakathi usika iphethini kubo (4)

1.1.14 Ngokubona kwami ukuba khona kwamafulegi ahlukahlukene esithombeni soku-1 ukuthi sibone ukuthi labafundi abavele esithombeni baqhamuka emazweni ehlaukahlukene behlanganyele ndowonye ukuzothekela imfundo yakwaNqondonkulu.

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**
**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**
**UMBHALO C**

| | Amaphuzu acashuniwe | | Amaphuzu owabeke ngamagama akho |
|---|---|---|---|
| 1 | 'Ingane ingaphelelwa ukuzethemba uma inengcindezi yabangani.' | 1 | Ingane ingagcina isizenyeza uma inengcindezi yabangani. |
| 2 | 'Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi ayengeke kalula ekwenzeni imikhutshana eyingozi.' | 2 | Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi/intsha aheheke kalula ukuzibandakanya nemikhutshana eyingozi. |
| 3 | 'Abafundi bagcina sebengasezwani ezikoleni ngenxa yokuklolodelana.' | 3 | Abafundi bagcina sebexabana esikoleni ngenxa yokubukelana phansi. |
| 4 | 'Kwesinye isikhathi ingcindezi yontanga inomthelela ongemuhle ezifundweni ngisho noma ngabe umuntu ubezimisele kangakanani.' | 4 | Kuvamile ukuthi ingane enengcindezi yontanga ingaphumeleli/ingenzi kahle ezifundweni zayo. |
| 5 | 'Bangagcina sebengene engozini yokuzahlukanisa nomndeni kanye nabangani ababakhathalelayo.' | 5 | Bangagcina sebezikhipha inyumbazane emindenini yabo/bangaba ngonkomo idla yodwa nakubangani beqiniso ngenxa yengcindezi yontanga. |
| 6 | 'Ingane igcina isifuna imali ngenkani kubazali yize yazi ukuthi abazali bayo bahlwempu.' | 6 | Ingane igcina isinobudlova isifuna imali ngesankahlu kubazali yize bezihluphekela. |
| 7 | 'Kwabanye abantu abasakhula le ngcindezi ingadala omkhulu umonakalo ongagcina usuletha usizi emndenini.' | 7 | Ezinye izingane le ngcindezi yazo ngeke yakhinyabeza zona kuphela kodwa ingagcina isihlukumeza nemindeni yazo uqobo. |

**Ukufingqa ngesigaba**

Ingane ingagcina isizenyeza uma inengcindezi yabangani. Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi aheheke kalula ukuzibandakanya nemikhutshana eyingozi. Abanye bababafundi bagcina sebexabana esikoleni ngenxa yokubukelana phansi. Kuvamile ukuthi ingane enengcindezi yontanga ingaphumeleli kahle ezifundweni zayo. Bangagcina sebezikhipha inyumbazane emndenini nakubangani beqiniso ngenxa yengcindezi yontanga. Ingane igcina isinobudlova isifuna imali ngesankahlu kubazali yize bezihluphekela. Ezinye izingane le ngcindezi yazo ngeke yakhinyabeza zona kuphela kodwa ingagcina isihlukumeza nemindeni yazo uqobo.

**Amagama [66]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ANNEXURE A**

**Indlela yokumaka ukufingqa**

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 1–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi (kuphela uma ewahumushe kahle amanye amapuzu amabili).

Stanmorephysics.com

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

**QAPHELA**: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## INDLELA YOKUMAKA ISIQEPHU C

- **Isipelingi**
  - Impendulo edinga igama elilodwa kumele imakwe nakuba isipelingi sinamaphutha ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wegama.
  - Empendulweni lapho kudingeka kube umusho ophelele, amaphutha esipelingi kumele ohlolwayo angalitholi imaki uma nje lelo phutha lisezakhiweni nezimiso zokusetshenziswa kolimi.
  - Uma kuwumbuzo odinga ukufinyeza igama, izimpawu zokuloba kumele zisetshenziswe ngendlela efanele.
- Izakhiwo zemisho kumele zilandele uhlelo lolimi olufanele ngokwemisho enikiwe/ngokomyalelo.
- Emibuzweni lapho kumele kukhethwe impendulo eyodwa enembayo kwezimbalwa azinikiwe, kuyokwamukelwa zombili izimpendulo okungaba uhlamvu kuphela oluhambisana nempendulo enembayo KANYE/NOMA impendulo ebhalwe ngokugcwele nayo iyokwamukelwa.

## UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

3.1 Kubalulekile ngoba kukhombisa ukuthi lo mkhiqizo usunesikhathi wabakhona√ futhi uyabasebenzela abantu.√ (2)

3.2 Ihlanza ikhazimulise ikhaya ngaphandle kokugqilazeka ukuze oyisebenzisayo akwazi ukuthola isikhathi sokwenza nezinye izinto azithandayo.√√ (2)

3.3 Lesi sitatimende sichaza ukuthi ukuhlanza indlu usebenzisa i-Plush *Supreme* kwehlisa umthwalo emahlombe/ukukhathazeka√bese ukuthokozela ukuhlanza indlu ngoba kunomkhiqizo ozokwelekelela ukususa ukungcola ngaphandle kokufaka amandla amaningi.√ (2)

3.4 Kuzoba nomthelela omuhle kubathengi besilisa abaningi ngoba bazokubona ukubaluleka kokusebenza nezingane zabo belekelelana ukuhlanza indlu√ lokho bese kuthuthukisa ukuhlalisana nobudlelwane obuhle emndenini.√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)

3.5 Umkhangisi uheha abathengi ngokukhombisa ngezinhlobo ezahlukene zePlush Supreme esikhangisini sakhe. Ihlanza indlu, amawindi, iphansi lendlu, nezindonga kanye nokunye.√√ (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4: UKUHLAZIYA IKHATHUNI**

4.1 Isibiyelo esisetshenziswe enganeni encane kunezinye kule khathuni sichaza ukuthi ingane iyacabanga, ayikuphimiseli lokhu ekucabangayo. / Isibiyelo esisetshenziswe enganeni encane sichaza ukuthi ingane icabanga unodoli wayo.√√ (2)

4.2 La mazwi asetshenziswe enkulumeni kamama aveza umuzwa wokubalisa /wokudangala / wokukhathazeka /wokubhuqa/ wokudinwa√ ukuthi wonke umuntu uthokozile futhi uzicabangela yena kuphela akekho noyedwa ocabanga ukumsiza amgezise izitsha emuva kokudla isidlo esimnandi kangaka.√ (2)

4.3 C/wamandla.√ (1)

4.4 Umhwamuko osetshenziswe phezu kwenkukhu ukhombisa ukuthi inkukhu iyashisa.√√ (2)

4.5 Le nkulumo kababa egudliselayo ikhombisa ukuthi uyakuthokozela lokhu kudla okuphekwe namhlanje.√ Ayikho enye into azoyenza uma esedlile ngaphandle kokuthi ayolala angabe esaba nandaba nakho konke okuzokwenzeka lapha ekhaya.√√ (3)

**[10]**

Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

5.1 Incazelo yegama elibhalwe ngokugqamile emgqeni woku-1 lihlonipha igama ngemali.√ (1)

5.2 Uma **ni**ngenalo ulwazi olwanele lokuhweba **ni**ngazithola **seni**lahlekelwa yimali yonke.√√ (2)

5.3 Lisetshenziselwe ukuchaza ibizo i-akhawunti / liyachaza.√ (1)

5.4 Lesi simo sokukhuluma sisetshenziselwe ukuxwayisa / ukuqwashisa / ukuvula abantu amehlo abantu abafuna ukuhweba nge-FOREX ukuthi kungamanga lobu bukhazikhazi abathi bayabuphila. √√ (2)

5.5 Bayaheheka√ (1)

5.6
- Akusilona iqiniso lelo.√
- Kunzima lapha ekuhwebeni.√ (2)

5.7 SAFEA/SAFEAC√ (1)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

